

Interview 3 with Mr Msomi – Amatata
October 1988

Typescribed by: Siphiwosakhe Bhengu for FHYA

Date: 20 September 2023

Key to FHYA typescriber's conventions:

- Where the typescriber edits/amends the original text, the edited/amended text appears in grey.
- The page numbers of the original text appear in square brackets, justified Right, and pertain to the text below them.
- Where the typescriber is unsure of a word, the word is placed within square brackets and a question mark. [word?]
- Where word/s are illegible, the illegible word is replaced with square brackets and a question mark. [?]

INTERVIEWED AT: Amatata

DATE: 20-10-1988

INTERLOCUTOR: Fred Gijima Msomi

INTERVIEWERS: Sizwe Nkomo and Heather Hughes

CELE HISTORY AT INANDA

Review of the story by Mr G.F. Msomi in the presence of me Mr Mzimela, Mrs Mdletshe and Mrs Khumalo.

[Ngababhalela?] ukuthi ngafika lapha emaphephetheni sengikhulile ngezokwakha, ngasho idiphi leli lakhiwa yithina sabafana ngoba sikuvela ukuthi ezankomo ezazifa ezazi ngangadishwa ngasho ukuthi umkhwe wami uThomas [Dingila?] wabe eyinduna [yamahluthwa?] la mina engangena esikhundleni sakhe ngaba induna la hayi [abangakholwa?] ngiyinduna yabantu laseMission. Ngakho lenkosi yayingezi ukuyothetha amacala lapha kodwa ayekholwe yathi (ngiyinduna yakaKhumalo)

lomlandondo wesonto engangiwusho ngawuxoxelwa ngumkhwe wami. Mina ngaba yilunga eliphelele esontweni ngo1925 isonto lakithi lase lingaphansi kwe Afrika. Ngasho ukuthi sethiwa sangena kanye lapha eAfrika. Umfundisi uCele uQandiyane lowangena endaweni kaMadikane Cele uyise waya phesheya ukuyofunda washiya amakhola ikhona ikhona la walethula isonto kubafundisi baseAfrika bona abajuba umfundisi uNgubane ukuba abambe lapha. Ngenkathi ephesheya kwangena amakhosikazi ama-3 esontweni lakithi ukuze iAfrika ingene iphelele yagqugquzelwa amakhosikazi.

[1]

lawa amathathu o (1) Ellen Dingila emkhwekazi wami (2) udadewobo uAlice Khumalo (3) uNomndiyo Gumbi indodakazi kaMadikane Yibona [abajoyina?] baba umanyano [umn-?] uCele wathi ebuya phesheya wabuye bonke sebeyi Afrika . Nokho lokho kwamdabukisa, ngoba wayesefike wathola elinye isonto phesheya iAfrican League ayefisa ukuba ngaphansi kwayo. Lomhlangano iLeague yabe

imthumelela izipho umfundisi Cele ngisho nezingubo zokugqoka, unkosikazi kaMnu G.F. Msomi zikhona izingubo aphiwa zona ngoba wabe ezabelwa yigosa lika Qandiyana. UQandiyana wabuza ukuthi kwenzeke kanjani ukuba amakholwa abeseka amaAfrika na?. Lokhu [kwahlabuka ?] ukuthi akusekho umasiza ngoba abafundisi abe ebashiyile kwabe kungabase Afrika. (Ngeke azaye [ezikhukazi?] bese ufaka iqhude, lemodisi ufika sekukhona izimolisi ngeke esabuza ukuthi izimolisi zidaleke kanjani). Ngakho uQandiyana wabe esengena eAfrika. Kwathatha isikhathi eside ingashinthe [ngokwezenethandi?] ukuba angene eAfrika wazi wayamukeela ngokuphelele ngayibo...

[2]

1940. Ngoba uhlale eside isikhathi ingashintshwa waze [washintshwa?] esekhulile empunga ngo 1940. Wathunyelwa eMngungundlovu lapho afela khona. Lawa isonto uqobo lwalo waphuma kwabahlophe ngo1917. Abelungu emva kokuhlubuka kwabantu beza bazovala lapha eMatata waze ngenkathi (izemishini) kwathwa ngihole kwathi zonke izingane zayofundela phansi kwemithi. Kwashayelwa izipikili ezihlahleni kwabethelwa iBlack Board, kwafundelwa lapho ngoba abantu bekhubekhe ebandleni labamhlophe i-[american?] board. Lapha eMatata akuzange [kudelezwe?] kwake yadedela lemishini kwathiwa yimishini kaMadikane eyisithuthukile sathi ngoba abelungu lapha [babengumlutho?] kuzendawo ekwavala kuyo babekaze bethalele izimali zabo abelungu. Engakafiki uMadikane, uBhulushe akhile lapha enomuzi lapha ngaphesheya ngemva lomuzi kwakuthwa isekuMangaleni waganwa yintobi kaMqhawe uNomasonto ithuna layo ngikhule likhona lapho kungaphazamisi lutho kulo.

[3]

kuze kuvele lemishini kwakukhona umshado kaQwabe bekhona abantwana bakaBbhulushe kulomshado kwaliwa bashaywa into enzima. Zalimala izingane zika Bhulushe zababovu yonke indawo ngisho unyawo. Zaqhamuka zishaywa zakhe zibaleka ezibona yena uhleze phandle komuzi wakhe futhi ezwakumenyezwa kuthiwa zaphela izinsizwa. Waqede lapho wehla wahlangabeza ehla [kanene?] Wahlangana nazo zinjalo wazikhomba ngothi lomkhonto wathi “buyelani khonaKagingi, babuyelani khona”.UKaningi lona kwabe kungudadewabo kaBhulushe. Zabuyela khona qede yahlangana impi. UMnu. Thomas Dingila wayemele kude ebukela kwenzeka lokhu yabambana okwasebele kade sebebalekile abantwana baka Bhulushe. [Zadilayisana?] uBhulushe wangena phakathi kwabo wayigwaza enye insizwa egama layo nguKudla Cele qede wathi “Ngadla ngandla ukudla kwakwaCele”. Washo wathi “Khumu madoda” wazikhomba ngomkhonto izinsizwa zakhe zabuyela ekhaya eKuMangaleni.

[4]

Babaleka abaka Qwabe bathi “ibuya madoda” bathatha umufi kuphela bahamba naye. Ngakolunye uhlangothi uBhulushe wafika wabuthisa ekhaya ubusuku bonke akuzange kufike muntu ukuzohlasela, ngakusasa kwakuyobikelwa amaphoyisa (abelungu). Lathi lizoshona ilanga kwakufika uMqhawe inkosi nabo abelungu , uBhulushe ehlezi emzini wakhe ekuMangaleni engakabaleki nezinsizwa zakhe. Wavele ukubabona beza ethafeni ngamahhashi wangena endlini wavala . Bafika [yamumemeza?] inkozi uMqhawe wathi “Bhulushe phuma ngihamba nabelungu”. uBhulushe wala waphetha ukuphuma ngoba wayazi ukuthi uma umuntu ebulele naye waye uyobulawa wathi ngeke afele khona lapho endlini yakhe. Watshela uMqhawe ukuthi "angiphumi lapha, batshele kungene ozidelile”. Wathi uMqhawe “abalwi abelungu” ngakho uBhulushe wabuza ukuthi

[5]

babeyaphi pho uma bengalwi, inkosi uMqhawe wamazisa uBhulushe ukuthi wabe esekhulumile nabelungu , ukuthi uBhulushe ungumuntu omkhulu onothile futhi oganwe yindodakazi yayo inkosi uMqhawe. Phezu kwalokho wenqaba ukuphuma uBhulushe wathi kungesho bashise indlu . UMqhawe [wamuncenga?] uBhulushe ukuba aphuma akhulume nabo abelungu ezwe ukuthi bathini . UBhulushe wagcina evumile inkosi uMqhawe ukuba ingene . Naye uThomas Dingila wabe ekhona [yize?] angangena endlini . Nebala wangena uMqhawe watshela uBhulushe ukuthi kwakuzofanele ukuba anxephezele kubelungu ngalomuntu ambulele. Waphuma wakhuluma nabelungu. Watshelwa ukuba aye [kwimantsh] ePikinini [Veerulam]. Lapho wabe ephelezelwa amadodo amaningi kwafikwa kwashiwo kuye uBhulushe ukuthi [kwaze kuzwakele] ukuthi ungumuntu omkhulu nokuthi ugwaze umuntu kuliwa

[6]

nanokhuthi akasona isigebhengu kwabe sekhonjwa izibaya ezine ezazingangwala ikhula izinkomo kwathiwa kufaneke azigcwalise [leslosaha?] esasiafakela izinkomo namanje sisekhona eVerulam. Wabuzwa ukuthi ezinkomo abe nazo [zazingasigcwalisa ?] na izibaya lezo. Nebala wasukuma uBhulushe. Zalandwa izinkomo entabeni [babezibonile?] abelungu izinkomo beze kolanda uBhulushe. Kwakukhona neyiphondo luzalelainja. Kwahanjiswa kuphela izinkabi. Sezigcwele akubanga kusabuyela lutho emuva. Esebuyela ekhaya uBhulushe wathi [abaluleki?] wasecela ukuba ayobizwelwa abafundisi bamthandazela kwaza abefundisi , baze bababili kodwa uBhulushe wabaphindesela emuva. Kwaba khona uMqambeni ngisho phathathi kwabo. Kwabe sekufika uMadikane yena owafika wathandwa uBhulushe wabe esehlala umaMadikane. Kwakusontelwa endlini yomhlanga eyakhwelwe ukusonta.

[7]

UBhulushe yena wabe esontola ekhaya lakhe. Kwaze kwafika inmatshi umnu [Defost?] enguyena owabeka isaza lesi esikhona. Indlu yesonto yabe ikhokhelwe 25c, 50c, R100, R150. Imantshi yabe ihamba nenkosi uSidade, inkosi [yaseMaqgakaneni?]. Yakhiwa indlu yesonto yabuye yabe izikole futhi kufundisa amadodakazi kaMadikane. Mr Mzimela – knows Mr Qandeyane –not Madikane. Mr Mzimena:-knows Mr Qandeyana-not Madikane
Izibongo zika Msomi:

Ucala lesonto elingenakuphela
Koze kuthuthe umhlaba lungaphelanga
Ukhovana obhula umlilo
Obaswe amabadoda amabili
Ubaswe uShabane benoKhuzwayo
Usebhamu savutha kabi
Savutha inhlamvu sayekhipha ngemuva
Yadla abaseMgothozeni abefundisi
Ngoba nabo bebanga lona isonto
Unkonkana [wefusi?] o-enje ngazo zombili
Okhaba ezizwana zibaleke
Ngimthanda ngoba esemi lapho endaweni kaMadikane
Esenza njengoba kwakwenza uMadikane
uGijima kaSelashana ka
Umgaba ngejubane

Umashikuzela abalele ashiye impi yakhe
 Indlovu enenkaba abayihlabe beyoxokozelela
 Uhlamvana bhula umlilo
 Abaswe amadoda amabili
 Azisho ezikhotha zaseMabedlome
 Kwayi kwasha ngaseShowe
 Kwaphuma uMangebo egijima
 Waya elokishini eyofuna indlela
 Yokuba abuyiselwe eNanda
 Kwasha izikhova ngasekhusane
 Zasha kwaze kwaphuma aMazogoyile
 Naye wathi uyathula kwangabhaleka
 Kwaze kwayofunwa uMsizimi
 Lapho ibambene khona yamshiya phansi
 Umabudu kaKhuzwayo koludumayo
 Kwasha izikhotha
 Zisha naseNanda
 Lamshaya phansi uMhlongo ethafamase

END

Lezibongo uMsomi kaziqambanga yena kodwa waziphiwa abanye
 abantu Mrs Mdletshe; sema esontweni – faith

[9]

Mrs Khumalo

Activities by the women of the Congregation.

uMrs Dube eligosakazi lesekethe noMrs [Maphumulo?] no Mrs Khumalo noNks
 Msomi namakhosikazi abefundisa babenza kakhulu ekufudumezeni ibandla
 babekhuthaza ukuthandaza emizini yabantu . uMrs Dube wase (Rosiline) wake
 waba umfundisikazi ngoba ebambeke umkaMfundisi owabe eshonile ngasikhathi
 sabo 1970 kuya phezulu. Lendlu yesonto ediliziwe yakhi (Mission)wa ngo 1960
 ingu 2 room yase iyandiswa 1bc u4-room

[Preists?] that succeeded Qandiyana

1. M.W. Mavudla
2. Z.A. Khuluse
3. J.D. Gumede
4. E.J. Phohlwana
5. O.J. Mgobhozi
6. I.N. Dube
7. Zondi
8. Shange
9. M. Dlamini
10. Hadebe - currently carrying out priesthood

Lemission yadilizwa [izigangi?] ezingaziwa

Mrs Khumalo – Joyce Busisiwe Mzimela

Mina ngazalwa ngahlakanipha umuntu omqoke wesifazane kungu Mrs Khumalo
 uAlice ngabo 1942

[10]

Unkosikazi Alice Khumalo bekungumuntu okhuthela nothanda isonto.

Ngaleyonkathi endini yesonto kwabe [kungadayiswa?] kusindwa nangobulongwe. UA Khumalo wayegqugquzela ukuba abantu basebenze balungise isonto aphike nokudla aphe labo abasebenzayo lagcinasiliphalume isonto kwangena kusasindwa ke endlini yesonto. Kwathi ukushona kuka Alice kwasekugqama uNkk I.J Dube (igosa-kazi) naye wabe ekhuthela. Ngenkathi la mfu. Mavundla inkosikazi yayingeve ihlala lapha iseketheni yabe ifika ngezikhathi (Mrs Rev) umfundisi yedwa owabehlala lapha kuphela. Lokhu kwadala ukwanda kwamakhosikazi alendawo angena esontweni eholwa yiwo lamakhosikazi. Ikhona iminikelo yamakhosikazi [oludujegasa?] ngayo izidingo zamabandla. Omama babambisene ngomthandazo noma kukuhle noma kukubi. Abesifazane bafake ibhayi elilotswe ACCW?. Inyufomu yase Afrikayabesifazane yasungulwa ngenkathi kuphunywa kuAmerican board ikomkhulu lenkonzo lise Nanda.

[11]

Mr Ecphas Mzimela wazalwa ngo 1894

[12]

Ukuvakasha kwasithathu kuMnu. Msomi , uMnu. Msomi waphinda udaba njengoba ayekade esixoxele lona. Kwasekukhona nalaba abalandelayo:- uNkk Faith Mdletshe

nkk Busisiwe Khumalo

Mnu Ecpha Mzimela.

Yibona abasipha ingcosana yokujobelela kulomlando kakhulukazi uMnu. Mzimela owasiza ngezibongo zika Mnu. Msomi kanti oMrs Mzimela beno Mrs Khumalo bona basiza ngokusebenza kwabesifazane esontweni.

[13]